

# *UKUBUYA KWESIBILI*

## *KWENKOSI*

 Baba wethu oseZulwini, lapho sisiza Kuwe lobubusuku, kuleloBizo elihle leNkosi uJesu, siyajabula kakhulu lapho sisondela kulezinsuku ezingcwele, sisazi ukuthi lokhu kumela isikhathi esikhulu emhlabenzi. Kulapho lowo uMhlatshele oweneleyo wenziwa, ukuthi izoni ezhawulayo ezilahlekileyo zingenziwa zikhululeke futhi zibe lalelothembu elikhulu esilalo ngaphakathi kwezifuba zethu lobubusuku, ukuthi ngolunye usuku Uzabuya njalo. Futhi lobubusuku, lapho ngisondela kuliphuluphiti, sisiza emnyango, futhi sisizwa lingoma endala, "Sizakuba leviki yokubuya ekhaya enku, iminyaka yokuqala ezinkulungwane ezilitshumi," kuletha imikhumbulo yeminyaka eminengi edluleyo lapho sihlangana lapha ethabhanekeli ngaphambi kokuba imvuselelo enku yomhlaba wonke iqalisa. Futhi, Baba Nkulunkulu, siyathakazelela nje leyo micabango.

<sup>2</sup> Futhi kukhangeleka kukuhle emiphefumulweni yethu ukuthi siyabuyela njalo lobubusuku ekubeni ngeyinye yalezo mvuselelo yesidala lapho izoni zibizela isihawu, lalapho umhlehleli muva elungisa izinto loNkulunkulu njalo. Futhi uMoya oNgcwele nguMuntu omkhulu emhlanganweni, Obambayo futhi abuse, lokuletha kithi iSinkwa seMpilo ngeLizwi. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzatshumayela kithi ubusuku ngobusuku kulimvuselelo, silisa abagulayo labalendingo, ngcwelisa ikholwa lonke, futhi uthole inkazimulo kuleyi imizamo esiyibekayo. Ngoba, Baba Nkulunkulu, kuyinhlonipho kuphela lenkazimulo yeBizo Lakhe ukuthi sikucelile. Ameni.

<sup>3</sup> Lokhu yikugewaliswa isithembiso leso engasenzayo iminyaka elitshumi lanye edluleyo. Isikhathi eside sisiza kuyo, kodwa ukubuyela kuthabhanekeli okwemvuselelo. Futhi, manje, siyakwazi ukuthi ithabhanekeli lethu elincinyane alenelanga ukuthwala imvuselelo, kodwa sizaminyanisana nje phakathi lapha, futhi okuhle esingakwenza, okobusuku obulutshwane obulandelayo, okwenkazimulo kaNkulunkulu.

<sup>4</sup> Futhi ngiyathanda ukuba lomhlangano ebandleni. Indawo ezinengi, silawo ezinkundleni, laphandle ngaphandle kweminyango, lasezinkundleni, kodwa kulenyi into eyahlukileyo lapho usiba layo phakathi kwebandla. Kukhangeleka ukuba kumnandi, ubudlelwano obuseduzane lapho uphakathi kwebandla. Phandle kulezo zinkundla, izindawo zomhlaba, silokuthokoza ngethuba lokuba phandle

lapho, kodwa kukhangeleka njengokuthi uya fumana ukucindezelwa, njengamandla edimoni, ukuthi ulwise imvuselelo ingakaqalisi. Futhi-ke lapho usiza ebandleni, yindawo lapho uNkulunkulu ahlala khona, yikuza endlini Yakhe ukuba lomhlangano.

<sup>5</sup> Futhi manje siyathokoza lobubusuku ukubona obunengi ubuso obudala engabubonayo iminyaka edluleyo ekupheleni kwenkonzo yami lapha ethabhanekeli. Bona uMfowethu Graham phakathi, loMfowethu Curtis, loDade Angie, loDade Gertie lapha, loMfowethu Cox loDade Cox, futhi, o, minabo, abanengi benu, Dade Spencer loMfowethu Spencer, futhi lani lonke phakathi lapha. Siyajabula kakhulu. Umama, loNkz. Slaughter, lomfowethu lapha, amaqembu nje amakhulu enu, kanjalo. Bangaki abaphakathi lapha kusukela ngesikhathi siqala emuva, ngitsho ukuthi lapho ngisuka emvuselelweni ukuthi ngiphume? Kasiboneni izandla zenu. Yonke indawo ebandleni lobubusuku, khangela nje izandla. Lokho kuhle sibili.

<sup>6</sup> Manje si...siyakwazi ukuthi imvuselelo ibuya kuphela ngoMoya oNgcwele. Nguye Lowo oletha imvuselelo. Futhi angeke sikwenze ngokwethu, singenza umzamo lowo kuphela; futhi uNkulunkulu kumele abusise lowo mzamo, futhi siyathemba ukuthi Uzakwenza.

<sup>7</sup> Bengitshela umkami endleleni phansi...Angizange ngithole ngitsho ithuba lokudla ukudla kwantambama lobubusuku. Kuphathekile sibili. Kwakulihola lesibili nta izolo emini ngingakaggoki ihembe yami, kusukela kuleso sikhathi ngivuka izolo ekuseni. Yikho lokho ingxenye yefoni. Futhi bekungelesibili nta lapho ngisiba lento evuke ngokungananelelw kuDkt. Sam Adair eLouisville. Futhi lapho...Futhi-ke amanye amafoni amanengi, futhi lamaqhawe amadala. Omunye uvela esibhedlela, wathi, "Awu, silindele isikhathi emva kwesikhathi, futhi nxa isihogo singesibi lapho sifika khonale kulalokho lolusizi obekuyilo, silindele." Futhi ukuklabalala nje lokukhala okuvela ndawo yonke, amakhulu abatshumayeli.

<sup>8</sup> Futhi, ngiyalitshela, siphila kwezinye zensuku ezinkulu lumhlaba ongakaze ube zazi, esinye sezikhathi ezinkulu kakhulu. Futhi ngiyathokoza ukubona indlala enhliziyweni zabantu befuna okunengi kukaNkulunkulu.

<sup>9</sup> Manje ngikuthethe enhliziyweni yami, ngikhuleka ukuthi kusentandweni kaNkulunkulu. Futhi, kanje, kulabanye abantu abame ngemuva ngale. Ngiyamangala...Silaso i—isihlalo lapha, ibhentshi elincinyane, ngingazi nxa ngenye indlela singeke silungise lelobhentshi elincinyane. Abanye bamakhosikazi... kumbe enye into, bemile emuva lapho, ukuze thina mhlawumbe singa...Lapha, ngingazi nxa amanye awo lapha kumbe enye into, bengahamba nje futhi babuye ebhentshini phezulu

lapha, phezulu lapha phambili. Mhlawumbe...Mfowethu Ben, siyathokoza ukukubona phakathi, isikhathi sokucina ngikubona ngangise San Fernando Valley, California, amaviki amalutshwana edluleyo. Futhi nansi indawo phezulu lapha nxa lingathanda ukubuya, lina—lina bantu abasemuva elimiyo. Futhi manje nxa ufunu ukubuya phezulu, ngani, woza khona phambili. Nansi esinye isihlalo phezulu kupulathifomu lapha, lezinye indawo ezengeziwego lapha, futhi zizakuthathwa ku-altare. Sifuna ukuthi lina lihlaliseke ngelingaba yikho.

<sup>10</sup> Futhi ngatshela umkami ukuthi ngazithembisa ukuthi ngosizo lukaNkulunkulu, Angihlosi ukuba ngibambe izinkonzo isikhathi eside, ngifuna ukukhuluma imizuzu engamatshumi amathathu, iNkosi ithanda. Futhi lokho kuzakuba yisimanga ngokwaso, ngoba a—angikwanisi nje ukuqaliswa ngokuphangisa. Futhi, kodwa kumele ngi—ngizame nje, futhi ngenxa ye.... Futhi-ke isikhathi esibuyayo siza, lokhu, kusasa ebusuku....

Lobubusuku, isifundo sami ngesokuthi: *UkuBuya KweSibili KweNkosi*.

<sup>11</sup> Futhi kusasa ebusuku yibusuku besidlo, futhi ngifuna ukukhuluma ngeSidlo sikukhangele ngokweThestamente eliDala. Futhi si... Kusasa ebusuku yibusuku besidlo okusemthethweni, ngoba yibusuku lobo iNkosi eyathengiswa ngabo. Futhi yibusuku besidlo okusemthethweni. Futhi ngemva kwenkonzo kusasa ebusuku, inkonzo yokutshumayela yansukuzonke, khona-ke sizakuba lesidlo. Futhi wonke umuntu unxusiwe ukubuya lathi futhi—futhi ahlanganyelesi isimiso senkazimulo eyatshiywa yiNkosi yethu uJesu kithi.

<sup>12</sup> Futhi-ke ubusuku obulandelayo, iNkosi ithanda, kuyibusuku bokubethelwa, Ngifisa uku—ukuthatha, ngombono owahlukileyo mhlawumbe kulokho ozakuba ukuzwa emsakazweni, *UkuBethelwa*.

Futhi-ke ngoMgqibelo ebusuku, *UkuNgcwatshwa*.

<sup>13</sup> Ngesonto ekuseni ngelesithupha nta, inkonzo yokuphuma kwelanga. Ngeletshumi nta, inkonzo yombhaphathizo, futhi nxa kungabakhona labo abazakubhaphathizwa. Futhi-ke umbiko wokusa kwePhasika.

<sup>14</sup> Futhi geSonto ebusuku, iNkosi ithanda, sikhangelele umbiko omfitshane ngo *Bufakazi BokuVuka*, lenkonzo yosiliso. Inkonzo ezejwayelekileyo zokusilisa njengesilazo emhlanganweni phandle e—emhlanganweni ojwayelekileyo, kulobubusuku obuzayo bangeSonto. Futhi nxa ungakaze ukubone, labangane benu bengakaze babone ubufakazi obubonakalayo bokuvuka kukaJesu, Ngiyathemba ukuthi Uzakwenza njengalokho Akwenzayo eminyakeni edluleyo emihlanganweni, abonakale khona lapha futhi enze izinto ezifanayo Azenzayo lapho Elapha emhlabeni. Futhi sikhangelele phambili kuleso sikhathi, ukubuya...lokho okuzayo.

<sup>15</sup> Kunjalo, woza phezulu futhi uzenze uhlaliseke nje ngokukwanisekayo. Futhi angazi nxa mhlawumbe kusasa ebusuku singenelisa ukuthatha izihlalo kwenye indawo. Mhlawumbe phansi e—endlini yabemingcwabo kumbe kwenye indawo ukuthi singathola ezengeziweyo, mhlawumbe ukuzifaka emaceleni. Sifuna umuntu wonke ahlaliseke ngakho konke okungenzeka.

<sup>16</sup> Bangaki abathanda iNkosi ngakho konke okuphakathi kwenu? Manje kasibekeni nje izifiso zethu kuKhristu njalo sikhangele nje manje. Kasikho lapha ngokwezimfundiso, silapha ukukhonza iNkosi. Futhi silapha nje ukunxusa umuntu wonke wesivumokholo sonke, umbala, uhlobo, akulandaba nje lapha, siyangena nje ukuzokhonza iNkosi, futhi kuzakuba lengxenyehola yokuhlabela kwesidala futhi—futhi inkonzo zingakaqalisi. Futhi, manje, kusasa ebusuku ngizazama ukuqalisa nje njengalobubusuku, khona kanye, nxa kusenzeka, ngehola lesificaminwembili nta, futhi siphume nje ngokuphangisa esingakwenza ukuze siphenduke ubusuku obuzayo.

<sup>17</sup> Futhi, manje, wonke umuntu uyamukelwa. Futhi, izethekeli zethu, liyemukeleka kakhlukazi ukuza ebudlelwani futhi masinya lapho inkonzo isiphelile, lina bantu basebandleni lapha laba ababuya lapha, bonani ukuthi liyaxhawula isandla somuntu wonke ongasenelisa. Woba nje... Wisela phansi imigoqo nje manje, futhi nje ube lesikhathi esimangalisayo. Futhi awukwazi lokho iNkosi yethu engakwenza, lesi yisikhathi sePhasika futhi nje sikhangelele izinto ezinkulu.

<sup>18</sup> Manje, eLizwini elibusisiweyo, ngifisa ukubala nje i—indima, kumbe umzila kumbe emibili, eziphuma eVangelini likaLukha oNgewe, futhi isahluko 15, indima 8:

*Loba nguuwuphi umfazi othi elenhlamvu ezilitshumi zesiliva, nxa engalahlekewa luhlamvu olulodwa, ngabe engalumathisi isibane, futhi athanyele indlu, futhi adingisise aze aluthole?*

*Futhi lapho eselutholile, uyabiza abangani bakhe labomakhelwane bakhe ndawonye, esithi, Thokozani kanye lami; ngoba sengilutholile uhlamvu ebengilahlekewa yilo.*

<sup>19</sup> Manje, lokho kungakhangeleka njengoMbhalo ongazwisisekiyo wokuBuya kweSibili kukaKhristu, futhi... kodwa ikhulumha ngokuBuya kweSibili kukaKhristu. Futhi lesi sifundo esikhulu esilaso lapha phambi kwethu manje ngesinye sezifundo eziqakathekileyo kuwo wonke uMbhalo oNgewe. Akulanto eqakattheke kakhlulu njengokuBuya kweNkosi uJesu. Ngoba nxa engabuyi, sitholakala singofakazi bamanga, abafileyo bethu abasengcwabenit batshabalele, futhi akulathemba eliseleyo kithi nxa uJesu engabuyi

okubonakalayo okwesibili. Futhi khona e...lokhu kukhanya kokuBuya kwesiBili, kwakuqakathekile, ukuthi liviki engcwele esisondela kiyo manje, ukuthi uJesu, lapho Esondela kikho isikhathi sokuqala emathunzini esiPhambano, Wakhulumwa okulutshwane sibili ngokufa Kwakhe, ukungcwatsha, lokuvuka. Wakhulumwa okunengi ngokuBuya Kwakhe kweSibili kula lokho Akwenzayo ngokufa Kwakhe, ukungewatshwa, lokuvuka. Ngakho ekukhanyeni kwalokhu, kumele kube yisifundo esiqakathekileyo kakhulu.

<sup>20</sup> KuThestamente eliDala, kuleMibhalo eminengi ngokuphindiweyo kuThestamente eliDala mayelana lokuBuya kweSibili kukaKhristu ukwedlula okwakuyikho ekuBuyeni kokuqala kukaKhristu. Yonke into kusendo lwabantu, manje emva kokuba inhlawulo isiyenziwe, kuphumula ngokuqinisekileyo phezu kokuBuya kweSibili kweNkosi.

<sup>21</sup> Manje, silezinkolo ezahlukileyo, futhi silenjongo ezahlukileyo lesayensi zenkolo ezahlukileyo, kodwa inkolo yethu yesiKhristu isekelwe ngokuzothileyo phezu kokufa, ukungewatshwa, lokuvuka, lokuBuya kwesiBili kweNkosi. O, kungumbuzo oqakathekileyo. Futhi lapho manje sisondela, ngemicabango yami epheleleyo, siphila khona emathunzini okuBuya Kwakhe kweSibili. Lapho, ngokubona kwami ngokukhanya koMbhalo, akula themba elilodwa eliseleyo kuBandla ngaphandle kokuBuya kweSibili kweNkosi. Umhlaba esimweni sawo sengxube awusabambeki ngokupheleleyo, kuyo yonke inhlanganiso enziwe ngumuntu esemhlabeni. Amakhosi awangeke abambe abantu babo futhi, loba ontando kayiphikiswa babambe abantu babo futhi, intando yabanengi ayingeke ibambe abantu bayo futhi, futhi akusela themba eliseleyo kodwa ukuBuya kweSibili kweNkosi uJesu.

<sup>22</sup> Futhi manje kungesinye sezikhathi ezimbi kongakholwayo lesoni, lezo ake wazifikazela, ngoba isikhathi sokulahlwa sesiseduzane kakhulu. Futhi kuyisikhathi esibusisekileyo kakhulu sekholwa, ngoba ukuhlengwa kwakhe sokuseduze. Kulenhlangothi ezimbili emhlabeni lobubusuku, ikhola longakholwayo. Lowo iNkosi ebuya ukuzomamukela, lalowo iNkosi ebuya ukuzomlahla. EkuBuyeni Kwakhe, uzabusisa omunye futhi aqalekise omunye, ekubonakaleni Kwakhe.

<sup>23</sup> Futhi kuyikuba yikuthi leyi yinto eqakathekileyo, ngiyacabanga nje ngaphambi...kungakaqali, bengisitsho, imvuselelo yethu encinyane, ukuthi kumele sikhangele ngokuqotho, futhi eMibhalweni, futhi sibone ukuthi sesiseduzane okunganani. Nxa bengifuna ukubakwazi ukuthi yisikhathi bani okuyiso, ngingakhangela inkombalanga yami. Nxa bengifuna ukubakwazi ukuba lusuku bani lweviki esiphila kilo, kumbe inyanga yomnyaka, ngingakhangela ikalenda. Futhi nxa ngifuna ukubakwazi isikhathi esisondelayo salesi senzakalo esikhulu, Ngiyakhangela eLizwini likaNkulunkulu,

Likhuluma isikhathi lapho sesiseduzane. Ngoba iBhayibhili lathi, "Lapho izinto lezi ziqala ukugcwaliseka, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho kuyasondela eduze." Isikhathi sesiseduzane.

<sup>24</sup> Kwakuyinto enkulu kuJohane, umambuli, esiHlengeni sePatmosi, ukuthi lapho ebona ukubonakaliswa kokuBuya kweNkosi kungakafiki. Lapho ebona iziqalekiso ezazihlezi phezu kongakholwayo, lezibusiso ezhizlezi phezu kwekhola, wamemeza, "Loba kunjalo, woza, Nkosi Jesu!" Kwajabulisa kakhulu inhliziyo yakhe emva kwakho konke ayekubonile, izenzakalo phambi kokuBuya Kwakhe, waklabalala, "Loba kunjalo, woza, Nkosi Jesu!" Futhi lapho isikhathi sonke sebandla sadluliswa phambi kwakhe, futhi wabona yonke into ngobukhulu, ngendlela okuzakwenzakala ngayo, khonake ukumemeza, "Woza, Nkosi Jesu!" Kufanele kube yinto eyinkazimulo ukuthi ukuBuya kweNkosi kuyasondela eduzane lokufika.

<sup>25</sup> UJesu, lapho abafundi Bakhe sebefike endaweni yokuthi babekhangeli kokwenyama kumbe izinto zemvelo zomhlaba. Manje, lapha sifuna ukuma okwemizuzu emilutshwana nje. Akudingi ukuba ngokwenyama zonke izikhathi okusidonsela khatshana, kwezinye izikhathi izinto zemvelo nje ziyasidonsela khatshana. Inceku zikaJesu, kumbe abafundi Bakhe, babeMkhombela ithempeli lasedolobheni, iJerusalem, ithempeli elikhulu lapho uNkulunkulu eNkazimulweni Yakhe yeShekhayina yayibonakele phakathi kweNgcwele ngcwele. Futhi lapho beMtshela ukuthi ayemahle okunganani amatshe ayefakwe phakathi, ukuthi kanjani ubungcwethi obukhulu bukaNkulunkulu babumisele ukuthi lawamatshe ayequnywe endaweni ezinengi emhlabeni futhi abuya ndawonye. Futhi eminyakeni engamatshumi amane okwakhiwa kwayo, kwakungela ngitsho ukukhala kwesaha kumbe ukuzwakala kwesando. Kwakubekwe ndawonye ngobungcwethi. Lokuthi uNkulunkulu wayebuye kanjani phakathi kwamaKherubhi futhi kwatshengisa iNkazimulo Yakhe yeShekhayina, lokuthi babe lethemba elikhulu kanjani kulelibandla elikhulu.

<sup>26</sup> Futhi uJesu wabatshela, "Aliboni zonke izinto lezi." Kukanti kwakuyindawo engcwele, kwakuyindawo enhle. Kwakuyindawo, indlu yokuhlala yeNkosi. Kodwa uJesu wathi, "Lingaboni izinto lezi. Ngilento yokulitshela enkulu kakhulu kulaleyi. Ngoba kuyeza isikhathi," Wathi, "ukuthi akusoze kube lelitshe elilodwa eliseleyo phezu kwelinye."

<sup>27</sup> Kungela ndaba ukuthi sizama kahle kanganani ukunakekelo umzimba wethu wenyama, kungelandaba ukuba sisebenzela kanzima okunganani inhlanganiso yethu, sisebenza kanzima okunganani ebandleni okohlelo lwethu—lwethu lwebandla, kuyeza isikhathi lapho zonke lezozinto zizanyamalala futhi zedlule.

UJesu waqala ukubatshela lokho, futhi bathi, “Sizakuba yini isibonakaliso sokubuya kokucina komhlaba?”

<sup>28</sup> Futhi uJesu waqala ukukhuluma kibo, “Isikhathi sizafika lapho okungasoze kube lelitshe eliseleyo phezu kwelinye. Lizakuzwa ngezimpi lamahungahunga ezimpi, ukumemetheka kwesifo, ukuzamazama komhlaba endaweni ezitshiyeneyo.”

<sup>29</sup> Futhi ngolunye usuku, phetsheya eCalifornia, phezulu eOakland, lapho kwakulithuba lethu ukuba khona lapho emhlanganweni, futhi kwakuyisikhathi sokuqala umkami wake waba sekuzamazameni komhlaba. Ngangihlezi eshopu okugelwa khona inwele, futhi mina...ikamelo lanyikinyeka nje kancinyane. Futhi umsakazo waphangisa wamemeza, “Ukuzamazama komhlaba kwasekuqualile.” Wathi, “Bakhangelele okunye ngokungaphose kube imizuzu eyisificaminwembili.”

Futhi ngacabanga, “O, aluba singathi lokhu ngokokucina!”

<sup>30</sup> Ngaphanga ngasuka eshopu yokugela inwele, ngahlangana lomkami owayelindele esitaladeni, sangena esitolo semithi esincinyane ukuthola amakhadi empikitsha ukuthumela abathandekayo bethu. Futhi lapho sisaselapho, omunye wofihlakeleyo kakhulu, umuzwa ongazwisisekiyo lowo umuntu angawuzwa, umhlaba wonke waqala ukunyikinyeka. Amambodlela aqala ukuwa emashelufini, imiphongolo yentuthu yaqala ukuwa esakhiweni, futhi esitaladeni, bagijima, abantu beklabalala futhi behkala lapho iplasta isiwa emidulwini. Futhi izakhiwo ezinkulu ezilezitezi ezingamatshumi amathathu futhi lamatshumi amane, zazunguzeka ndawonye kwaze kwathi intuthu kumbe uthuli oluvela odakeni lwaya phezulu njengekhowa elikhulu. Futhi abantu baqala ukuklabalala lokugijima. Ngathi, “Lowo ngumunwe kaNkulunkulu uSomandla, esithi, ‘Umbhalo wesandla usemdulwini.’”

<sup>31</sup> UJesu wathi, “Lapho lisizwa ngokuzamazama komhlaba endaweni ezitshiyeneyo.” Umhlaba wadabuka uvuleka phansi emgwaqwensi omkhulu okwendlela ezinde, phose amafidi amahlanu, futhi wehla khonale phansi amakhulu amafidi emhlabathini. Indawo eyodwa, wonke umgwaqo omkhulu wawela phakathi. Futhi ngacabanga lapho lokho kudabuka kuvuleka, ngangiphose nje ngibone umunwe kaSomandla uNkulunkulu, esithi, “Futhi kuzakuba lokuzamazama komhlaba endaweni ezitshiyeneyo.”

<sup>32</sup> Lapho usuku luqhubeke, ukuzamazama komhlaba okuyisificaminwembili okutshiyeneyo kwazunguza lelodolobho. Lamabhawa ahlala evuliwe, lezidakwa zagcwala ezitaladeni. Futhi abafazi bahamba ezitaladeni, begqoke okungenelanga, lakho konke engazathi kwakungelanto eyenzakeleyo. Abantu babotshelwe emhlabeni kakhulu lamuhla ngize ngingabikwazi lokho okuzakuthatha ukunyikinya lumhlaba. Bakhangeleka

nje bengaphathekanga. Kabananzeleli. Futhi omunye umuntu wenza isitsho, lapho ngimuzwa ngelihlo lami uqobo, wathi, “Libonile lokho engakwenzayo? Nganyikinya isibhakela sami. Ngingumuntu olamandla amakhulu.”

Futhi ngacabanga, “Ukuhlambaza okunjie!”

<sup>33</sup> Angizange ngicabange kangako okwalokho njengokuhlambaza njengalokho engakwenzayo khona lapha edolobheni lethu uqobo, lapho ngiphuma emgwaqweni omkhulu izolo ntambama eGeorgetown, lapho uchapha izigaba phandle lapha nje ungakatshayi umgwaqo omkhulu omutsha usiza. Kwakulesibonakaliso esikhulu sinamathele phezulu lapho, futhi sathi, “Uvukile, uleMpilo.” Futhi isibonakaliso sona esalandelayo, zona zombili kuphela, “Lapho okulotshwala iBudweiser, kulempilo.”

<sup>34</sup> Ngacabanga, “Ukuhlambaza okunjalo!” Yikho kuphela okukhona. Futhi iBhayibhili lakutsho lokho, “Ngaphambi kokuBuya kweSibili kukaKhristu, ukuthi abantu bazakuba ngabahlambazayo, behamba enkanukweni zabo ezingela bunkulunkulu, abephula izivumelwano labahlebayo.” Ukuthi umhlabu ususenkohlisweni enjalo!

<sup>35</sup> E-Bombay, India, manjemanje lapho uBilly (umfana wami) lami sasilapho emhlanganweni omkhulu lapho amatshumi ezinkulungwane zamaHindu banikela impilo zabo kuKhristu, lapho kwabuya isixwayiso esikhulu. Futhi ngifuna ukuthi likhangele ulwazi lwemvelo. Futhi, kungananzelelw, ngezizatho ezingaziwayo, zonke inyoni ezincinyane edolobheni zaqala ukusuka zisiya emaphandleni. Futhi inyoni, zingumtshitshi, zasuka zisiya emaphandleni. Futhi baqala ukunanzelela zonke inkomo lezimu lenkabi. Kodwa e-India, intango zabo azifani lothango lwethu, akusontango zezigodo, zintango ezinkulu zamadwala aksiwe aya phezulu. Futhi inkomo zonke zaqala ukuya khatshana lemiduli futhi zasuka khatshana lezakhiwo, futhi zahamba khonale phandle phakathi kwensimu futhi zaqala ukubhodabhoda phakathi kwensimu. Khona-ke, kungananzelelw, ukuzamazama okukhulu kwatshaya futhi kwanyikinyela phansi, imiduli, izihlahla, amadwala, izinto zaphoseka. Futhi inyoni azizange zibuyele, futhi inkomo zahlala phandle ensimini, futhi abantu baqhubeke becabanga ukuthi kwakukuhle. Futhi usuku olwalandelayo, okunye ukuzamazama kwazunguza, futhi izakhiwo ezinengi zabhidlika futhi izinto zaphoseka. Futhi ngosuku lwesthathu, inkomo zabuyela emidulwini futhi inyoni zabuyela edolobheni.

<sup>36</sup> O, Lowo ondla inkonjane, Lowo owaletha izidalwa Zakhe ezincinyane emkhumbini, lokhe ephila futhi ebusa. Futhi zikhangeleka zilokuhlakanipha okunengi ngoNkulunkulu ukwedlula umuntu akwenzayo, lowo Amdala ngomfanekiso

Wakhe; lapho, umuntu ehlambaza. Izidalwa ezincinyane zomhlaba, uNkulunkulu uyazinakekela futhi zasuka khatshana lemiduli emikhulu. Zazingabe zabulawa, inyoni zazingabe zampantshazwa eminkenkeni yamadwala lapho kuzunguza ngale lale.

<sup>37</sup> Izibonakaliso zokuBuya Kwakhe! O, lusuku olukhulu esiphila kulo. UkuZamazama komhlaba endaweni ezitshiyeneyo, izifo ezsabalalayo, zonke lezozinto uJesu akhulumu ngazo zilapha. Ngokubona kwami, kangiboni lutho oluseleyo kodwa ukuBuya kweNkosi. Sekuseduzane.

<sup>38</sup> UJesu phakathi kwe...futhi ekukhulumeni Kwakhe abantwini Bakhe, Wathi, “Fundani umfanekiso wesihlahla somkhiwa. Lapho sisebuthakathaka futhi siqala ukuhluma amahlamvu, uthi ihlobo seliseduze. Futhi lapho libona izinto lezi ziqala ukwenzakala, yazini ukuthi isikhathi sesiseduzane.”

<sup>39</sup> Nanzelela lokho isihlahla somkhiwa esasiyikho. Isihlahla somkhiwa sihlezi siyisizwe sakoJuda. Wathi kungeyisikho kuphela “isihlahla somkhiwa,” kodwa “lezinye izihlahla.” “Lapho ubona isihlahla somkhiwa futhi lazo zonke ezinye izihlahla zikhupha amahlumela azo.” Manje, Kakhulumanga kuphela ngesihlahla somkhiwa, kodwa *ezinye* izihlahla.

<sup>40</sup> Manje, kasinanzeleleni nje lapho sikhupha ihlumela laso. Sesiphile esikhathini esingajwayelekanga eminyakeni emilutshwana edluleyo. Ibandla labeZizwe selike laba lemvuselelo ezinkulu elake laba lazo kusukela lapho... kusukela ensukwini zabapostoli; o, futhi ibandla labeZizwe kalizange libe lemvuselelo leso sikhathi, kwakulibandla lamaJuda elalilemvuselelo. Kodwa ibandla labeZizwe, eminyakeni elitshumi kumbe elitshumi lambili eyedluleyo, libe lemvuselelo enkulu embalini.

<sup>41</sup> Sicabanga ngemvuselelo kaMartin Luther, yebo, mnumzana, yayinkulu, kodwa lokho kwakuse Germany kuphela. Sicabanga ngemvuselelo kaWesley leyo eyayiseNgiland, yasabalalisa langapha, futhi abalutshwane beziHlenge zamaBritish, kodwa ayizange isebeenze kangako. Kodwa kulolusuku, limvuselelo ekhona ekaMoya, imboze ngempela kusukela olwandle kusiya olwandle olungelamkhawulo, umhlaba wonke, ngomsakazo omkhulu futhi ngamamagazini labavangeli abaphuma phandle, bengasekelwanga ngabantu, futhi kulethe imvuselelo yokuthi amatshumi enkulungwane aphindwe ngezinkulungwane (zemiphefumulo) izelwe eMbusweni kaNkulunkulu.

<sup>42</sup> Kunkonzo yami encinyane eyephukayo iNkosi engiphe yona, Ngabona imiphefumulo edlula isigidi isiza eMbusweni kaNkulunkulu. Kucabange! Lapho abanye lalezi izinkonzo ezinkulu, abahuquluza emsakazweni, lokunjalo, kuzigidi. Kulemlilo yemvuselelo evuthayo kulo lonke uqaqa emhlabenzi, ngokwenza, kusukela nga...kusukela okungaba yiminyaka

elitshumi edluleyo, kusukela ngi...saqala emvuselelweni. Sisesikhathini sokucina.

<sup>43</sup> Manje nanzelela, khona-ke, ngaphambi kwalokho nje, Waprofetha lapha, futhi wathi, "Imiduli yeJerusalem izakunyatthezelwa phansi ngabeZizwe kuze kuthi isikhathi sabeZizwe siphele." AmaMohammed bakuthumbile. Siyakunanzelela lokho. Futhi ngifuna ukuthi likhangeli ebunzimeni lobubusuku, ukuthi kanjani uIshimayeli loIsaka balokhu besentanyeni yomunye lamunye, khona eJerusalem lapho okubikezelwa ukuthi bazakubakhona. Futhi iminyaka emilutshwane edluleyo kwakungela lakancane amaJuda eJerusalem.

<sup>44</sup> Manje, uJesu ekhulumwa, "Lapho ubona isihlahla somkhiwa sikhupha amahlumela aso." Manje, amaJuda abehlakazekile kuwo wonke umhlaba, amanani amakhulu, izigidi eGermany, lase Italy, futhi eUnited States, lasemhlabeni wonke. Futhi uNkulunkulu, njenga lokho Akwenzayo ensukwini zasekuqaleni, wenza lukhuni inhliziyo kaFaro, Wenza lukhuni inhliziyo kaMussolini kumaJuda, futhi amaJuda axotshwa eItaly. Wenza lukhuni inhliziyo kaHitler, futhi baxotshwa eGermany. Wenza lukhuni inhliziyo kaStalin, futhi baxotshwa eRussia.

<sup>45</sup> Futhi ubunanzelela iphepha, ukuthi thina, iUnited States, sithatha uhlangothi lama-Arab? O, mfowethu, umbhalo wesandla usemdulwini! UNkulunkulu wathi, "Loba ngubani obusisa uIsrayeli uzabusiswa, lowo oqalekisa uIsrayeli uzaqalekiswa."

<sup>46</sup> Manje, ngilompikitsha ngekhaya, kumbe ngiyakholwa ubolekisiwe okwalesi isikhathi, okubizwa ngabesayensi, *Imizuzu Emithathu Kungakabi Phakathi KoBusuku*. Nxa umhlaba wezesayensi uthe "inkombalanga isibhode yaze yaba yimizuzu emithathu kungakabi phakathi kobusuku," futhi ngicabanga sebekuphungule lokho kuze kuphose kuge ngumzuzu owodwa kungakabi phakathi kobusuku, lapho besenza i-hydrogen kumbe i-oxygen, i-athomu, lawo wonke amandla amakhulu abangenelisa ukuwabamba, angabangela ngokugcweleyo ukutshabalala okupheleleyo ngemizuzu emihlanu. Kungaba, ngempela lobubusuku, kungabi lomuntu oyedwa ophilayo kulo lonke izwekazi leNyakatho yaseMelika kumizuzu engamatshumi amathathu. Futhi kuhlezi ezandleni zexuku labangakholwayo abasizondayo. Futhi, ngaphandle kwalokho, silezikepe ezinkulu zempi lemikhumbi ebekiweyo, konke kubekwe ngalapho, kukho konke...udlula eSiberia, khona eHungary, futhi lasendaweni ezitshiyeneyo, lapho imikhumbi yethu ehlezi khona, ipakitshwe ngothro olufanayo lwalokho okuphoswayo.

<sup>47</sup> Bazalwane, isikhathi sesiphelile ukwedlula elikucabangayo!

ISodoma leGomora yayingazi lakancane, lobobusuku, ukuthi babephila ihola labo lokucina. IGibhithe yayingazi lakancane ukuthi ingilosy yokufa, eyayibikezelwe ukubuya, yayizabuya lobobusuku. IPearl Harbor kayinanzelelanga lakancane lokho kuhlaselwa okwathathi ndawo. Silinganisiwe esikalini futhi satholakala sisilela! Sesiseduzane lesikhathi sokucina!

<sup>48</sup> Kuyini okungenzakala nxa...? Bona, khona eMoscow, bengaqondisa wona amabhomba aphoswayo, eholwa yizinkanyezi lerada, kungafikisa ibhomba khona kanye kuFourth Street eLouisville nxa babefuna ukukwenza. Kunjalo. Futhi singama phandle lapho olwandle kwenye indawo, emikhumbini yethu, futhi kuqondise eyodwa khona esigodlwensi saseMoscow nxa sifuna ukukwenza. Kuyini okungenzakala, mfowethu, nxa leyo bhomba ephoswayo enkulu ibhoda kungenzakala futhi ilizwe leli lingemukela ukunyikinywa, ngehola linye sikhulule izinto ezifanayo futhi sizinyikinyele kolunye uhlangothi? Futhi siphila koluncinyane, oluncane, oluncuncunu, uqweqwé elungelahlonzi, kungenani, lapho ukuzamazama sokudlile ngalapho futhi kwadla ngalapho kwaze kwaba njengokugubha iqanda. Nxa engenza ukudubuka okukodwa okukhulu futhi lawa amamayila azinkulungwane eziyisificaminwembili odakamlilo lungantshazela emoyeni, kuzakwenza khona kanye lokho uNkulunkulu akutshoyo ukuthi kuzathathi ndawo.

<sup>49</sup> Sisesikhathini sokucina, silapha. Akula enye indlela yokukumisa. Konke ukucela...Singafaka u-Eisenhower kuwo wonke amazwe, futhi akusoze kukumise. UJesu Khristu wathi lezi izikhathi zizakuza, sesilapha. Isihlahla somkhiwa sikhupha amahlumela aso.

<sup>50</sup> Kulumfanekiso, khona phansi eIran, lakubala kuLook magazini, ukuthi bathatha njani indizamtshina ezinkulu futhi bayakhonale futhi bathola amaquaqua alawa amaJuda kulezindizamtshina. Izinkulungwane zabo, babephansi khonale kusukela ekuthunjweni kweBhabhiloni, bebelapho okweminyaka engamakhulu angamatshumi amabili lanhlalu, futhi babetshiyiwe phansi lapho. babelima ngezilimiso zezigodo. Babengazi lutho ngoJesu eke waba semhlabeni. Babengazi lutho ngalutho kodwa umkhuba wabo omdala wesiJuda, imikhuba ababephile ngayo. Futhi lapho lezondizamtshina zisehla phansi, futhi ziqala ukuthwala lawa amaJuda, ukubabuyisela elizweni lakubo...

<sup>51</sup> Umprofethi waprofetha, amatshumi amabili lesificaminwembili kumbe amakhulu amatshumi amathathu eminyaka edluleyo, futhi wathi, "Lapho bephuma kulokho ukuthunjwa, uNkulunkulu uzakubaphendukisa emaphikweni engqungqulu." Umprofethi wabona indizamtshina isiza, wazibona zisehla phansi futhi zibahambisa futhi zibabuyisela elizweni lakibo. Kazange azi ukuthi akubize ngokuthini, yena

nje...Kwakhangeleka njengengqungqulu kuye, ngakho wathi,  
“Babezakubuyiselwa besemaphikweni engqungqulu.”

<sup>52</sup> Futhi lapho bephuma phandle kwendizamtshina, futhi abancinyane babesiza abadala, babuzwa. Futhi bathi, “Lize elizweni lakini ukuzokufa?”

Bathi, “Hatshi. Siphenduke ukuzobona uMesiya!”

<sup>53</sup> O, imikhumbi emikhulu yamalahle umhlaba wonke, eminyakeni emilutshwane edluleyo, ithunqe ingena eJerusalema lamaJuda aseluphele, abatsha labadala, begqoke imvunulo yabo, bevela empumalanga, bevela entshonalanga. Futhi kulenge phezu kwesigodlo seJerusalema yileyo nkanyezi endala elemicijo eyisithupha kaDavid, ifulegi endala kulawo wonke emhlaben, ayikaze iphaphe okweminyaka engamakhulu angamatshumi amabili lanhlanu, ibalwa ukuba yisizwe ngalobubusuku. Isihlahla somkhiwa sesikhupha amahlumela aso.

IJerusalema iyakhula, iNkosi iyabuyisela,  
Izibonakaliso abaprofethi abazikhulum  
ngaphambili;  
Insuku zabeZizwe zibaliwe, ngokusindwa  
lusizi olukhulu;  
“Buyelani, O lina elihlakazekileyo,  
kwabakini.”

Ngoba usuku lokuhlengwa seluseduze,  
Inhlizyo zabantu ziyehluleka ngokwesaba;  
Gcwaliswani ngoMoya kaNkulunkulu, izibane  
zenu zilungisiwe futhi zikhanya,  
Khangelu phezulu! Ukuhlengwa kwenu  
kuyasondela eduze.

<sup>54</sup> Isikhathi sesiphelile ukwedlula esikucabangayo. Kasibuyi ebandleni ukuzohlala ebbentshini, kasibuyi ebandleni ukuzokuzwa intshumayelo enhle, kumbe ukubuya ebandleni ukuzokuzwa umnyuziki omuhle. Konke kulendawo zakho, kodwa lokho okugecono esikubuyelayo ebandleni ukuzokwenza yikuzihlola kuNkulunkulu losindiso Iwemiphefumulo yethu, ngoba Usuku lokuhlengwa soluseduzane.

